

Story Power

Umkhombandlela wokusiza
izingane ukufunda
nokubhala emakhaya



Volibali

Siyanemukela!

Ukufunda nokufundisa akwenzeki esikoleni kuphela! Okwenziwa yimindeni emakhaya, imfundiso, kunikezela izingane ithuba lokuqala ngqa nelibalulekile lezifundo zokufunda okubhaliwe.

Uma ukholelwa ukuthi izingane zakho zizophumelela ukufunda nokubhala futhi uziqinisekisa ngalokhu okholelwa kukho, kuzongena egazini nasemiqondweni yazo ukuthi ngempela zizophumelela. Ngokuzinikeza isikhathi sokuzixoxela izindaba nangokufunda nokubhala kanye nazo, zithola ukuhlengana nezindlela ukufunda nokubhala okubaluleke noma okwanelisa ngazo.

Ngabe uyafuna ukwazi ukuthi ungazisiza kanjani izingane zakho ngokufunda nokubhala? Uma kunjalo lo mkhombandlela we-Story Power ungowakho! Kulo mkhombandlela ungathola imibono neziphakamiso ngokwabelana ngezindaba nezingane nokuthi ungazikhuthaza kanjani ukuthi zibhale. Uzobuye uthole nolwazi olunzulu lokuthi ningaziqalela kanjani ithimba lenu lokufunda emakhaya enu!



Thokozela ukuhamba kanye nezingane zakho ngesikhathi zithatha lolu hambo lokufunda nokubhala!

Ithimba lakwaNalibali

QAPHELA: Lo mkhombandlela utholakala ngezilimi zaseNingizimu Afrika eziyishumi nanye; bheka eminye imikhombandlela ochungechungeni lweStory Power! Yana ku-www.nalibali.org ukuze uyithole.

Kukhonani ngaphakathi

- Ukwenza ukufunda nokubhala inqubo yekhaya lakho 3
- Ukwabelana ngezincwadi nezindaba 4
- Yenza izingane zakho zikwazi ukubhala ... 6
- Ukuphatha amathimba okufunda 7



Ukuze uthole eminye imininingwane mayelana nokuphinde usebenzise kanye/noma ukusabalalisa le nsiza, xhumana noNalibali:

The Nalibali Trust

Suite 17–201, Building 17

Waverley Business Park, Wyecroft Road

Mowbray, 7700

Inombolo yocingo: (021) 448 6000

Ikheli le-imeyili: info@nalibali.org

Abasunguli kanye nabengamele iphrojekthi: Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA)

Umhumushi: Dumisani Sibiyi


Ukuhlela ngokucubungula nokufundisa osekubhaliwe: Bhokinkosi Ntuli

Umdwebi wabalingiswa bakaNalibali: Rico

Idizayini: Magenta Media

Ukuhlelwa kombhalo nezithombe: Baseline Publishing Services

Ukwenza ukufunda nokubhala inqubo yekhaya lakho



Uma uzejwayeza ukufunda nokubhala kanye nezingane zakho njalo nje, usuke uzifundisa ukuthi kubalulekile ukufunda nokubhala, kuwusizo futhi kuyathokozisa. Ngaleyo ndlela-ke zikuthola kulula kuzo ukwazi ukufunda nokubhala.

Umuntu wonke ekhaya kuneqhaza okumele alibambe ekuthuthukiseni ikhono lezingane ezincane lokufunda nokubhala. Nansi eminye imibono ephakanyiswayo ukwenza ukufunda nokubhala ingxenye ethokozisayo yempilo yansuku zonke emndenini.

★ **Yakha uhlelo olungaguquki lokuxoxa izindaba.** Makube nesikhathi esibekiwe nsuku zonke sokufunda noma ukuxoxa izindaba. Iningi lezingane zithokozela ukulalela izindaba ngesikhathi sezizolala. Kodwa-ke kwezinye izingane kuba lula ukwenza lokhu ngezinye izikhathi zosuku. Khetha isikhathi sosuku esilungele wonke umuntu.

★ **Xoxa izindaba.** Xoxela izingane zakho izindaba, ziculele izingoma uphinde uzihayele izinkondlo ozaziyo. Lokhu kuzigugquzela ukuzakhela isithombe ngokuxoxwayo futhi kuthuthukisa ulwazi lwazo lolimi. Nawe ubolalela izindaba ezizixoxayo futhi ukhumbule ukuzincoma ngokuxoxa kwazo.



★ **Yabelanani ngezincwadi.** Thatha imizuzu eyi-15 ngosuku ufundela izingane zakho izincwadi zezindaba. Funda kuzwakale. Lesi makube yisikhathi sokujabula nokukhululeka, kungabi sengathi zisegumbini lokufunda. Izingane zakho zizobona ukuthi izindaba zitholakala ezincwadini, nokuthi izincwadi lezi ziletha injabulo; izingane zizozama ukuzifundela ngokwazo. Izingane ezifunda kahle esikoleni kuvamise ukuthi kube yilezo ezithola isikhathi sokufunda emakhaya, ezifunda nomndenini nabangani.

★ **Yiba yisibonelo esihle.** Kumele wazi ukuthi izingane zifunda kangcono ngokubuka lokhu esikwenzayo ukwedlula lokhu esizifundisa khona ukuthi zikwenze! Izingane mazikubone wena uqobo ufundela ukuchitha isizungu kanye nokuthola ulwazi. Ukwenza isibonelo, funda izincwadi, imibhalo yezindlela zokupheka, izaziso zasesikoleni, amaphephabhuku kanye namaphephandaba. Qiniseka ukuthi ziyakubona ukuthi nawe usebenzisa ukubhala nsuku zonke, isibonelo, ukubhala uhlu lwezinto ozozithenga esitolo, ukubhala nokuthumela umyalezo we-imeyili noma ukuqopha okuthile kudayari yakho. Uma izingane zethu zisibona sifunda futhi sibhala njalo, ziyabona ukuthi yinto ebalulekile lena, nazo bese ziqala zizijwayeza ukubhala.

★ **Sebenzisa ulimi lwakho lwebele.** Izindaba zokuqala ozixoxayo kufanele zixoxwe ngolimi eziluncele ebeleni. Izingane kufanele zifunde zibuye zibhale ngolimi lwazo lwebele ngaphambi kokuthi zifunde ukwenza lokhu ngezinye izilimi. Uma zinesisekelo esiqinile olimini lwebele zisuke ziphethe isihluthulelo sokufunda ngempumelelo kukho konke – okubandakanya ukufunda ukufunda okubhaliwe nokubhala – ngoba ukuze zifunde kahle kumele ziqondisise kahle.



Ukwabelana ngezincwadi nezindaba

Yabelana nezingane zakho ngezincwadi nezindaba ukuze usize ukwakha ubudlelwano obuqinile nobunothando phakathi kwakho nazo. Uma wenza lokhu, ngasikhatshi sinye usuke ubasiza abantabakho ukuthuthukisa amakhono okufunda nokubhala, okungamakhono abalulekile ekuphumeleleni kwabo esikoleni nasempilweni nje jikelele.



Ukufundela izingane zakho

Ukufunda kusiza izingane zakho ukuba zikwazi ukuvula amehlo azo, izinhliziyi zazo kanye nezingqondo zazo kwabanye abantu nasezimeni ezahlukahlukeni. Uma zizijabulela izindaba ozixoxela zona, maningi kakhulu amathuba okuthi zibe nentshisekelo yokuqhubeka nokuzifundela ngokuthanda impilo yazo yonke.

Bheka nazi izeluleko zokufundela izingane zakho ngale kokuzikhathaza ukuthi sezikhule kangakanani ngokweminyaka.

1. Zigqugquzele izingane zakho ukuthi zifunde kanye nawe okungenani imizuzu eyi-15 nsuku zonke – kodwa ungaziphoqi.
2. Thola indawo engenamsindo nekulungele ukufunda. Ukuhlala embhedeni noma ukuhlala kosofa yindawo enhle kabi yokufunda. Cima umsakazo, umabonakude nekhompiyutha.
3. Cela izingane zakho ukuba zikhethe incwadi enizoyifunda ngokuhlanganyela. Phela lokhu kukhombisa ukuthi uyakukhathalela ezikucabangayo futhi maningi amathuba okuthi zizibandakanye ngokuphelele ekufundweni kwencwadi uma leyo ncwadi zizikhethele yona!
4. Qala ngokuzinikeza isikhathi nibheka nibuye nikhulume ngekhava yencwadi. Khumbula ukufunda isihloko sendaba kanye namagama, elombhali wencwadi nelomdwebi wemifanekiso.



5. Hlalani ndawonye nisondelane bese ukhuthaza izingane zakho ukuthi kube yizo ezibamba incwadi noma uzisize ukwenza lokhu. Izingane ezincane ziyakujabulela ukuphenya amakhasi encwadi. Khuthaza izingane esezikhulakhulile ukuthi zifunde amazwi omunye wabalingiswa noma isigatshana sendaba noma izigatshana ezimbili.
6. Zama izinto ezahlukahlukeni ukwenza izindaba zikholakale futhi zithokozise! Guquguqula izwi ukuhlukanisa abalingiswa bendaba. Funda ngezwi elipholile ezingxenyeni zendaba ezinokuthula noxolo. Funda ngokushesha uma umlingiswa ekhombisa ukujaha noma kukhona okumxoshayo. Maliphakame izwi lakho uma kunomsindo omkhulu endabeni, njengokulingisela izilwane ezinkulu ezifana nehubesi nendlovu.
7. Izingane zakho zisize ukuthuthukisa amakhono azo okuqagula okuzokwenzeka ngokuthi uzibuze ezingxenyeni ezahlukene zendaba, ukuthi, “Nicabanga ukuthi kuzokwenzekani manje?”
8. Xoxani ngendaba ngokuhlanganyela. Gqugquzela izingane zakho ukuthi zibeke imibono yazo (zabelane ngayo) mayelana nezindlela abalingiswa abaziphatha ngayo kanye nezinqumo ezizithathayo ezimeni ezithile.
9. Bhekisisa imifanekiso edwetshiwe encwadini, uma ikhona. Phawula ngezinto ofuna ukwazi kabanzi ngazo okukanye oziqaphelayo nozithandayo. Khuthaza izingane zakho ukuba zenze okufanayo nazo.
10. Nokho-ke, ngaphezu kwakho konke thokozela ukwabelana ngezincwadi noma ukuzifunda nindawonye. Khululeka futhi wenze konke okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi lesi sikhathi singesithokozisayo kuwo wonke umuntu.

Eminye imiqondo ephakanyiswayo yezindaba

Nansi eminye imiqondo ngokusetshenziswa kwezindaba ekhaya.

Yenza izikhathi ezikhethekile zokuxoxa izindaba

Yenza izikhathi zokuxoxa izindaba kube yizikhathi ezizothokozelwa yiwo wonke umndeni wakho. Ukwenza isibonelo nje, yiba “nezindaba ezishetshwa nesidlo sakusihlwa”! Nikeza ilungu lomndeni elehlukile ithuba lokuxoxa indaba ngesikhathi sesidlo sakusihlwa kanye ngesonto. Lena kungaba yindaba eselake layifunda noma layizwa ixoxwa, noma indaba entsha ilungu elizisungulele yona. Ningaqamba indaba nindawonye ngokunikeza ilungu lomndeni ithuba lokuyingenisa indaba bese abanye bephonsa ekuxoxweni kwendaba, ixoxwe ngaleyo ndlela ize ifike ekugcineni.

Buza imibuzo

Yenza izingane zakho ziqondisise izindaba ezixoxelwa zona nezizixoxayo ngokujulile ngokubuza imibuzo evulekile, eyenza ukuthi zisho imicabango yazo. Le mibuzo akumele ibe nezimpendulo eziyiqiniso neziyiphutha nje. Makube yimibuzo ethuthukisa ukucabanga kwezingane ngezindaba. Isibonelo sombuzo: “Ungazizwa kanjani uma ngabe...?”, “Ukuba bekunguwena okulesi simo, ubuzokwenzenjani?”, “Ucabanga ukuthi kungani enze lokhu?”, “Ngabe lokhu kukukhumbuzani?”, “Wenzani uma ngabe...?”

Banikeze ithuba lokubuza imibuzo nabantabakho bo! Baphendule uma kwenzeka noma nivele nibheke izimpendulo ndawonye ngokuthi nifunde nibuye nixoxe ngezingxenywe zendaba ezifanele.

Hlaziya izindaba

Zama ukuthola izindlela izingane ezingazisebenzisa ukuhlaziya nokuhumusha indaba ozixoxele noma ozifundele yona. Asenze isibonelo nje: zingayixoxa kabusha indaba noma zilingise izingxenywe ezithile zendaba, zidwebe umfanekiso eziwususele endabeni, okukanye zibhale incwadi eya komunye wabalingiswa bendaba.

Phinda izindaba

Kuvamisile ukuthi izingane zithande ukuphinda zilalele izindaba ezizithandayo! Izindaba uma zizithanda, zingazilalela noma kangaki! Ngaso



sonke isikhathi uma zilalele indaba eziyithandayo zivumbulula imininingwane noma izinto ezintsha njalo. Ziphinde ziqonde ngolimi, zithuthukisa ulwazimagama kanye nemiqondo equkethwe.

Thola izincwadi ongazifunda

Kuyabiza ukuthenga izincwadi. Ngakho-ke kungakuhle ukuthi nivakashele umtapo wezincwadi nezingane zakho uma ukhona oseduze. Cela umeluleki wasemtatsheni wezincwadi akunikeze izihloko zezincwadi azincomayo ezithokozisayo ezibhalwe ngolimi oluqondwa yizingane zakho kangcono. Nikeza izingane isikhathi esanele sokucinga incwadi efanele bese ukhuluma nezingane mayelana nezincwadi ezingazikhetha. Uma senikwenzile lokho seninganquma ukuthi yiziphi izincwadi enizoziboleka emtasheni.

Yakha ukuzethemba ezinganeni

Njengalokhu kuyinto enkulu ukuqala kwengane ukuphimisa amagama ngendlela lapho iqala ukukhuluma, kwazise uphinde ukuncome ukuzama kwezingane zakho ukuzifundela ngokuzimela! Zesekele ngayo yonke indlela ukuze zibe nokuzethemba – lokhu kuyindlela eya ekunqobeni impi yokufunda ezizobhekana nayo impilo yazo yonke. Kumele uphinde ulalele, uncome izingane ezincane uma zenza sengathi ziyafunda – izingane kufanele ziziphathe njengongoti bokufunda ukuze zibe ngongoti ngempela ngelinye ilanga!

Uthi ubuwazi nje ukuthi izingane ezifunda kakhulu kunokubuka umabonakude, ziyakwazi ukunaka nokugxilisa imiqondo entweni isikhathi eside?



Yenza izingane zakho zikwazi ukubhala



Abantu bakusebenzisa ngezindlela ezahlukeni ukubhala ukuze benze izinto zenzeke kanye nokuxhumana nabanye. Ukubhala lokhu kufana nje nohlobo lobuciko – uma uzinikeza isikhathi esanele sokukwenza, uyakhula ekubhaleni ube yingcweti futhi kugcine sekuyinto elula nje ukubhala kuwe noma abanye bengakuthola kunzima! Thina njengabazali nabaqaphi bezingane siba yisibonelo esihle uma sabelana nezingane ngamandla nezinhloso zokubhala empilweni yethu yansuku zonke. Nanka amasu ahlukene ongawasebenzisa ukwenza lokhu.

- ★ Qiniseka ukuthi ekhaya kuhlale kunamaphepha, amakhrayoni, amapeni kanye namapensela. Kubeke endaweni okuzoba lula ukuthi izingane zakho zifinyelele kukho ukuze zizokwazi ukudweba nokubhala noma yinini uma zifuna.
- ★ Ukudweba kuvamise ukuba yisinyathelo sokuqala esihlelela ekubhaleni. Bonisa ukuthi uyakuthanda izingane ezikudwebile ngokuphawula ngokwakhayo lapho uphawula ngezithombe zazo, njengokuthi, “Yaze yayinhle bo le ndlu oyidwebile. Ngubani ohlala khona?”
- ★ Nikeza izingane amathuba okuthi zisebenzise ikhono lokubhala ngenhloso yokuhlala nokuqondisa impilo yazo. Ukwenza isibonelo, zitshele zibhale uhlu lwezinto, njengezinto ezizoyothengwa esitolo, izinto okumele ziye nazo esikoleni ngakusasa,



noma uhlu lwamagama abantu abazoba emcimbini wokubungaza usuku lokuzalwa. Ungakhathazeki ukuthi amagama ziwapela ngokuyikho yini noma cha, lokho ziyokubamba kahle uma zilokhu zizejwayeza ukubhala izikhawu ngezikhawu. Uma kukhona owehlulekayo ukukufunda ohlwini abalubhalile, zicele zikutshale ukuthi kuthini lokho.

- ★ Yenza amathutshana okuthi izingane zakho zikwazi ukubhala ngenhloso yokuxhumana nabanye abantu noma nezinye izingane. Zitshele zizenzele amakhadi bese zibhala amagama azo, zibhale imiyalezo yokubonga, zibhale imiyalezo eya kumalungu omndeni noma zibhale ama-imeyli okukanye izincwadi eziya kubangani kanye nakumalungu omndeni ahlala kude nazo.
- ★ Izingane zakho zikhuthaze ukuthi zihlale zinamabhukwana (amajenali) lapho zikwazi ukubhala noma yini ezithanda ukuyibhala njengalokhu: imizwa yazo, izinto ezenzekile ekhaya nasesikoleni, kanye/noma nezinto ezifuna ukuhlala zizikhumbula. Hlonipha ilungelo lengane lokuba nezimfihlo zayo, ngakho-ke ungalokothi uvele ufunde la mabhukwana azo ngaphandle kwemvume.
- ★ Zenzeleni izincwadi ngokuqhanela ngesitepula ndawonye amaphepha nokubhala izindaba ngokuhlanganyela kanye nezingane. Izingane ezincane zingadweba izithombe. Ungacela ukuzibhalela amagama ezikutshela wona kodwa kuhle futhi uzigqugquzele zizame ukuzibhalela zona amagama. Izingane ezindala zivumele ukuthi zizidwebele futhi zizibhalele. Fundela amalungu omndeni enihlala nawo lezi zincwadi kanti ungebashiye ngaphandle nalabo abasuke bevakashile.



Ukuphatha amathimba okufunda



Ungaqala ithimba lokufunda elincane nje nezingane zakho kanye nabangani bazo abambalwa noma izingane zakomakhelwane. (Ungathatha izingane zanoma yimiphi iminyaka yobudala – ukusuka kwabasesenkulisa kuya kwasebefunda amabanga aphakeme.)

Amathimba amancane okufunda mahle ngoba anikezela ngamathuba amahle okuhlaziya izindaba nezincwadi nezingane. Kumbalwa nje okudingayo: uthando lokufunda izincwadi nokuxoxela izingane – nomunye oyedwa noma ababili asebekhulile abakwazi ukufunda, bese uba nezingane ezinhlanu kuya kwezizishiyagalombili! Manje faka isikhwama nje esigcwele izincwadi zokufunda, amathuluzi okubhala nokudweba (njengamakhrayoni, amapensela, amapeni kanye nephapha) uyobe uqedile ungethole!

Kulula ukwazi kahle ngengane ngayinye uma ithimba lokufunda linamalungu amancane. Yabelana nabo ngezincwadi ozithandayo bese uthola ingane ngayinye ukuthi ithanda izindaba ezinjani. Thatha isikhathi ukufunda nokuxoxa ngezindaba nindawonye.

Uzokwazi kanjani-ke ukuthi ukhetha ziphi izincwadi? Vakashela emtasheni wezincwadi onengxenywe enezincwadi zezingane nje. Zinike isikhathi sokuphenya izincwadi ubheke, makube yinto oyenza njalo lokhu kuvakasha. Xoxisana nomeluleki wasemtasheni onolwazi ngezincwadi zezingane ukuze uthole ukuthi yiziphi izincwadi ezithandwa kakhulu yizingane. Boleka ibe yinye incwadi oyithanda kakhulu, zejwayeze ukuyifunda bese uyifunda kuzwakale emalangeneni ethimba lakho lokufunda. Ngokuqhubeka kwesikhathi uzokwazi kangcono ngezingane ezisethimbeni futhi uzokwazi ukufunda izincwadi ezenza zihlale zihehekile futhi zinothando! Ungakhetha nezindaba eziphuma engxenyeni ethi, "Story and rhyme library" kanye nethi, "Story supplies" okuyizingxenywe ezitholakala kusizindalwazi sikaNalibali esithi-www.nalibali.org.

Wenza njani-ke ngendaba yokubhala? Zama ukubeka eceleni isikhathi sokubhala njalo uma ithimba lokufunda lihlangana. Izingane ziyathanda ukubhala amadayari futhi lena yindlela enhle kakhulu yokukhulisa ikhono lokwazi ukubhala



ngolimi lwebale kanye/noma nangalolo olwengeziwe. Zikhuthaze izingane ukuthi zibhale (ziphinde zidweba) nganoma yini kumadayari azo – kungaba yimicabango yazo, imizwa, imibono noma lokho ezithokozele ukukwenza ngosuku thizeni. (Qiniseka ukuthi ziyazi ukuthi konke ezikubhalayo kuyimfihlo yazo ngaphandle uma zizinqumela zona ukuthi zabelane nabanye ngakho.) Kuhle ungalokhu uzikhathaza ngokulungisa ukupelwa kwamagama – okubalulekile yilokhu ezikushoyo kuphela. Kodwa ungazifakela ugqozi ngokuthi ubhale kweyakho idayari bese uzikhombisa okubhalile, okubhalwe ngesandla esihle namagama apelwa ngendlela efanele.

Kunoma yini eniyenzayo ethimbeni lenu lokufunda sicela ugqugquzele izingane ukuthi zibambe iqhaza nazo kodwa ungaziphofi uma zingathandi. Phela injongo wukuthi zenze yonke into ngokuthanda futhi zithokoze ngesikhathi nithola niphinde nabelana ngezindaba.

Ukuze uthole amanye amasu ngamathimba okufunda, vakashela ingosi yethu ethi, "How to guides" etholaka ku-www.nalibali.org noma ethi "How to" etholakala ku-www.nalibali.mobi. Ungabuye uthole olunye futhi ulwazi engosini ethi, "Story Power: Umkhomandlela wamathimba okufunda" nayo etholakala ngaphansi kwe-"Story supplies" kusizindalwazi esithi-www.nalibali.org.

Xhumana noNa'ibali

Yiba yingxeny yohlelo lukaNa'ibali bese usebenzisa amandla ezindaba ukuze ukhuthaze izingane ukuthi zifune ukufunda nokubhala.

Vakashela izithangami ezahluken ekuze uthole izinsiza kanye namacebo okufundela ukuzithokozisa, kanye nezindaba zezingane ngezilimi eziyi-11.

Izithasiselo zikaNa'ibali

Thola isithasiselo sasephephandabeni sokufundela ukuzithokozisa esingezilimi ezimbili ku-Sowetan, i-Sunday Times Express, i-Daily Dispatch kanye ne-The Herald. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org.



Usemsakazweni uNa'ibali

Lalela izinhlelo zikaNa'ibali emsakazweni eziteshini zokusakazela umphakathi zakwa-SABC, bese uthokozela izindaba zezingane ngezilimi eziyi-11 ezisemthethweni eNingizimu Afrika. Vakashela ku-www.nalibali.org ukuze uthole izinhlelo zasemsakazweni zakwaNa'ibali.

www.nalibali.org

Vakashela isizindalwazi sikaNa'ibali ukuze uthole amakhasi amacebo, ama-blog okwazi ukufunda nokubhala, amacebo okufunda kanye nezindaba zezingane kwamahhala.

www.nalibali.mobi

Thola amacebo okuxoxa izindaba kanye nokufunda, ukwesekwa kwamathimba okufunda nezindaba ngezilimi zaseNingizimu Afrika eziyi-11 – kumakhalekhukhwini wakho!



Izinkundla ezokuxhumana

Yiba yingxeny yengxoxo ku-Facebook futhi usilandele ku-Twitter naku-Instagram ukuze uthole amasu nezakamuva ezikhuthaza ukufundela ukuzithokozisa, izindaba ezintsha nemincintiswano. Kanti ungaphinde uvakashele isiteshi sethu se-YouTube, www.youtube.com/user/TheNalibaliChannel ukuze uthole amasu awusizo ethimba lokufunda.



Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80,

noma enye yalezi zindlela:  www.nalibali.org  www.nalibali.mobi

 nalibaliSA  @nalibaliSA  @nalibaliSA  info@nalibali.org

